I-SEFA ikhuthaze osomabhizinisi

MBALI DHLOMO
ENewcastle

INHLANGANO elekelela osomabhizinisi ngezimali iveze ukuthi ilindele ukuthi osomabhizinisi base Newcastle namaphethelo bafake ngobuningi babo, izicelo zemali ebolekisayo ukuze bakhulise amabhizinisi abo.

Lokhu kushiwo yizikhulu ze-Small Enterprise Finance Agency (SEFA) ngenkathi kade imeme osomabhizinisi esidlweni sasekuseni (breakfast) edolobheni lase Newcastle.

Oyisikhulu salenhlangano lapha KwaZulu-Natal uMnu Thula Mkhwanazi uthe sekuyisikhathi manje sokuthi osomabhiizinisi abaqhamuka emadolobheni amancane afana ne-Newcastle basukume, bafake izicelo zamaloan ethulwa yi-SEFA..

Usincomile isibalo esiphezulu sosomabhizinisi abebehambele lomhlangano, wathi lokhu kutshengisa ngokusobala ukuthi abantu abansundu sebeyakuqonda ukubaluleka kokukhuluisa amabhizinisi abo.

UMnu Mkhwanazi uthe bona kwa-SEFA, kuyabajabulisa ukubona amabhizinisi aphumelelayo; kanti kuyabadumaza kakhulu uma amabhizinisi engaphumeleli.

I-SEFA ibolekisa ngemali kosomabhizinisi efika ku R5 million kanti osomabhizinisi bayikhokha ezinyangeni ezingu-60 lemali.

Abakwa-SEFA babuye bachaza ukuthi njengoba beyinhlangano encane, bancike emahhovisi akwa-Small Enterprise Development Agency (SEDA) akhona kuwona wonke amadolobha amakhulu kulesi siFundazwe saKwaZulu-Natal.

Ngemininingwane nge-SEFA, thintana naleli hhovisi lakwa-SEDA elisedolobheni:
33 Voortrekker Strt, Newcastle
Tel: (034) 312 9096